

/Ivaliwe ize ikhulunywe/

UKUVULWA NGOKOMTHETHO KWEHHOLO LOMPHAKATHI ENDABENI

Inkulumo ka

Mhlonishwa MB Gwala-MPP
Ungqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi

Endabeni

20 Novemba 2005

Mphathi wohlelo,

Ngivumele ngiqale ngokuba ngishayele ihlombe umphakathi wonke ongama Afrika obuthene lapha namuhla. Lokho ngikusho ngesizathu esisodwa esisemqoka sokuthi abantu bakithi abazange balahlekelwe yithemba lokuthi ngelinye ilanga inkululeko yezombusazwe yogcina ifikile sisawadla anhlamvana.

Labo abadala phakathi kwethu bayasazi isikhathi lapho khona kwakuyinqubo kahulumeni ukuthi abantu batheliswe izintela kodwa uhulumeni wabamhlophe bodwa kube nguyey olawulayo ukuthi kuzokwenzekani ngalezo zintela, abantu abampisholo bengekho ePhalamende ukuba basho ukuthi bona yini eyizidingo ezisemqoka okumele uhulumeni azihlinzekele kuqala.

Yisimo lesi okwabe kuyicala nxa uthi uyabuza ngaso, kuthiwe uvukela umbuso. Lokho kubandlululwa kanjalo kwaba nomthelela kuzo zonke izinhlangothi zempilo yomuntu. Kwezinye zalezo zinto singabala ukungabi khona kwezidingo zempilo yomphakathi njengezindawo zezincwadi (public libraries), izinkundla zezemidlalo ehlukahlukene, nezindawo zokuhlanganela umphakathi (community halls) kanye nokunye okuningi.

Yingakho-ke nje kwathi nxa kuqala uhulumeni wentando yeningi kwabakhona uHlelo Lokwakha Kabusha Nokuvuselela (Reconstruction and Development Programme) olwaludume ngokuthi yi – RDP olwaphathiswa UMnu. Jay Naidoo owaye ngu Ngqongqshe Ongenamnyango kuKhabhinethi ka Mengameli Mandela ngo 1994. Kwathi-ke kamuva nxa sesiphela leso sikhundla lolohlelo lwe RDP lwase luphathiswa uMnyango Wezemisebenzi ukuba uluqhube, lapho lwabe selubizwa ngokuthi yi National Public Works Programme.

Phansi kwe National Public Works Programme kwagqama kakhulu isigaba esabe saziwa ngokuthi yi Community Based Public Works Programme. Sona sabe sisebenza ngendlela yokuthi Umnyango kaZwelonke Wezemisebenzi Yomphakathi wedlulisele kuMasipala Wendawo isamba semali esiqondene nokwenza uhlelo lomsebenzi olucelwe umphakathi waleyo ndawo.

Kuthe-ke kamuva kwase kuba khona lokhu manje okwaziwa ngokuthi yi EPWP (Expanded Public Works Programme). Lolo wuhlelo uhulumeni ahlose ngalo ukulwa nenkinga kamashayandawonye edalwa wukwesweleka kwemisebenzi. Okuhle-ke ngalolu hlelo wukuthi neminyango esiyiphathisiwe ezingeni leSifundazwe nayo isimbandakanyiwe kulo, kungasefani nangesikhathi se Community Based Public Works Programme lena esengiyishilo. Kulesi Sifundazwe sakithi lolu hlelo ludidiyelwa uMnyango Wezemigwaqo Nokuthutha.

Okwenze ngaqala ngokuthi nginethulela isigqoko wukuthi emva kwesikhathi sobandlulo eside, thina ma-Afrika asizange siphelelwe wubuntu futhi asikaze sililahle ithemba. Phela ngaso sonke leso sikhathi

sasingakaze sithi sifuna ukufunzwa kepha sasilwela ukuba kube namathuba afanayo kithi sonke ukuze sikwazi ukuzisiza thina qobo lwethu.

Yingakho-ke nje uhulumeni kuleyo misebenzi anezwi kuyo ngoba efake kuyo izimali zakhe efuna ukuba yenziwe ngokubhekela ukuba kulungiswe lesi simo ekade sonakele ngesikhathi sobandlululo. Mhlawumbe nike nizwe kukhulunywa ngama HDIs (Historically Disadvantaged Individuals) uma kukhishwa ama Tenders okwenza umsebenzi kahulumeni. Kukho konke lokhu sibonga ukubekezela kwenu nokuqonda ukuthi ukulungisa umonakalo osuthathe isikhathi esingaka akulula ukuba kwenzeke ngosuku olulodwa. Yingakho-ke nje nginethulela isigqoko.

Njengalokhu sesiqala sibala izinsuku ngaphambi kokuba kushaye uKhisimusi, kuqalwe nonyaka omusha, sinenjwayelo yokukhuluma izinkulumo ezinde ezandulela lolu suku, kodwa ngineqiniso lokuthi isizathu esidale ukuba sibuthane sonke lapha kungenxa yesikhathi senjabulo, ukupha nokwemukela- sonke sizojabulela igxathu lendima esikhathuliwe kanye nalokho esikuzuzile nonyaka bese sizibophezela ekwenzeni ngcono izinga lezimpilo zethu enyakeni ozokwethwasa.

Indawo yaseNdabeni yindawo enhle nebaluleke kakhulu sonke okufanele siziqhenye ngayo. Yindawo enabantu besifazane, amadoda kanye nentsha esebenza kanzima nangokuzimisela. Iyindawo lapho izolo lethu lisilawula khona ekuthini yini okufanele siyilungise siyenze ngcono, kanti imanje layo lisitshela ukuthi siyitholile inqubekelaphambili kanti ikusasa layo yilapho sifunda khona amaphutha ethu kulokho

esikwenza njengamanje. Abantu balapha Endabeni bathatha isinyathelo sokuthi akekho umuntu oyoqhamuka Phesheya azokwenza ngcono ikusasa labo lapha.

Ngakho-ke njengoba sibuthene lapha, sizofakazela ukukhula nempumelelo yemizamo yethu mayelana nezinhlelo zentuthuko ezechukene eziye zifinyelele ezigidini zamarandi, kufanele sisho sonke ngokungahlonizi sithi Halleluya!!!!. Abanye abazi imvelaphi yami bazothi ngikusho lokhu ngoba nginguMfundisi kodwa ngiphakamisa ukuba sisho ngazwi linye ukuthi nebala siyakubona ukufezwa kwezidingo zentuthuko yomphakathi kulendawo, ngamanye amazwi intuthuko siyibona ngamehlo kulendawo.

Ngilapha namuhla ukuzohlanyanya nani ukuba ngibonge ukusethemba kwenu mphakathi waseNdabeni njengoMnyango WeZemisebenzi yoMphakathi esiFundazweni sakithi KwaZulu-Natal, ekuthini singazifeza izidingo zenu. Siyathokoza ekuthini nisetembe nisinikeze ilungelo lokulwa nobuphofu, ukwentuleka kwemisebenzi, kanye nendlala endaweni yakini.

Siyabonga ukuba nibuthane lapha ukuzosikhuthaza njengezisebenzi zenu, ukuba siqhubekele phambili nomsebenzi omuhle wokuvezwa kwamathuba ayengekho phambilini, ukudalwa kwamathuba emisebenzi kanye nokuxosha umashayandawonye emphakathini nokunye okuningi kwaloluhlobo. Impela nathi njengoMnyango besingeke siphumelele kulomsebenzi ukuba nina mphakathi waseNdabeni beningazinikelanga niqinise izifociya ekuphokopheleni izinguquko kanye nokuzakha nokuzenzela.

Loluhlelo esizolwedlulisela kini namuhla, lungumphumela wokulwela kwenu ukwentuleka kwentuthuko kanye nokuphelelwa yithemba kulendawo. Lesisakhiwo sizokwelekelela intsha nabantu abakhubazekile nabesifazane ekutholakaleni kwemisebenzi.

Mangisho bakwethu ukuthi izinhlelo zaloluhlobo azisungulelwanga ukuba zibe yindlela yokugaya ivoti noma ukuba sizishaye izifuba ngazo kodwa ziyindlela yokuzama ukwenza ngcono izimpilo zabantu ababencishiwe amathuba phambilini. Lokhu kuyokwenza ukuba sigcine sesifana nalabo ababevele besina bezibethela bekhomba ngophakathi phambilini, zonke izinto nezidingo ziseduze nabo.

Naphezu kwezingqinamba esibhekana nazo njengoMnyango ekufezweni kwezidingo zomphakathi, kodwa sikwazile ukuqeqesha abesimame emakhonweni ehlukeni, enza bakwazi ukusimama kwezomnotho. Sizamile ukuqeqesha nabakhubazekile ukuze nabo batotobe endleleni yezomnotho, sangagcina lapho saqeqesha nabaqeqeshi ukuze siqiniseke ngokuthi ulwazi abaqeqesha ngalo noma abalwedlulisela emphakathini lungoluseqophelweni eliphezulu isibili.

Ngezinye izikhathi usuku olusuke lunqunyelwe ukuphothulwa kwezinhlelo zalolu hlobo, lugcina lungafezekanga ngenxa yokwephuza ukuqalwa komsebenzi wokwakha. Ngiyaninxusa ukuba nizejwayeze ukubekezela. Ulaka kalwakhi! Ngifisa ukunishiya nalamazwi ahlakaniphileyo alotshwa ngomunye wababhali- “Umlando ususitshengisile ukuthi abantu abaqavile ekuphumeleleni kwabakwenzayo, bejwayele ukuhlangabezana nezithiyo ezibephula

imimoya ngaphambi kokuba banqobe. Baye bagcine bephumelele ngenxa yokuthi bayenqaba ukukhinyabezwa yilezo zikhubekiso endleleni yabo eya empumelelweni”

Lesi sakhiwo esingaso lapha namuhla, sakhiwe ngesamba semali engu R1 500 000.00 ngokubambisana phakathi koMnyango wami nabakwa IDT- Independent Development Trust okuyibona abasakhelayo. Kudaleke amathuba emisebenzi abesifazane angaphezu kuka 50%, kanti awentsha abangu 22% kwathi ingxenye eyasala lapho kwaba ngeyabesilisa, kanti sasingenabo abakhubazekile kulo msebenzi.

Namuhla-ke ngithatha lelithuba lokuba ngininxuse ukuba niliphathe kahle leli hholo, uma kukhona okonakele nikulungise, uma kukhona umuntu owonayo nibe yiso lokunqanda imonakalo efana naleyo. Mphathiwohlelo ngivumele ngiphethe ngokuba ngimememezele ngokusemthethweni ukuthi leli hholo seningaqala ukulisebenzisa ngoba sekungelenu mphakathi waseNdabeni!!!!!!

Ngiyathokoza kakhulu.